UKopano wanyakazisa ibhokisi. "Aliwenzi umsinde omkhulu njengeziphikha esizedlulile."

"Futhi angiboni nje nokuthi yizimpahla zokugqoka zomdabu," kusho uRea.



"Bheka," uRea esho kuKopano, "amabhili amade amaningi kangaka."


"Mh, ucabanga ukuthi nesipho sethu side naso, Rea?" kubuza uKopano.

"Look," Rea says to Kopano, "so many tall buildings."

"Mhmm, do you think our gift is tall too, Rea?" Kopano asks.

UKopano noRea baya edolobheni okokuqala ngqa!






“The Nelson Mandela Bridge leads us into town,”
Mama says.

“Mhmm, Nelson Mandela Bridge,” Kopano says.

“IBhuloho LikaNelson Mandela lisiholela edolobheni,”
kusho uMama.

“Mh, iBhuloho LikaNelson Mandela,” kusho uKopano.



Kopano and Rea sit down right there on the floor
of the post office and open the box.


UKopano noRea bahlala khona lapho phansi
eposini base belivula ibhokisi.



“Remember to fasten your
seatbelts,” Mama says.


“Auntie Boi has sent you
girls a gift and we’re
going to collect it at the
big post office in town.”

“We can’t wait to see the
gift, Mama,” the girls say, and
off they go.



“Khumbulani ukuqinisa
amabhande ezihlalo enu,”
kusho uMama. “U-Anti
uBoi uthumelele nina
mantombazane isipho
kanti sizoyosilanda eposini
elikhulu edolobheni.”

“Simagange ukubona isipho,
Mama,” kusho amantombazane,
ayesesuka ehamba.



“Those are Maasai dolls,” Mama says to the girls.

“Maasai dolls from Kenya,” Kopano says.

“We love these dolls!” Rea says.

“Labo ngonodoli bamaMasayi,” kusho uMama kula
mantombazane.

“Onodoli bamaMasayi abaphuma eKenya,” kusho uKopano.

“Ave sibathanda laba onodoli!” kusho uRea.



Long, long ago, hares had beautiful, long, fluffy white tails which they wagged whenever they felt happy or excited. At that time, all the hares lived on an island, separated from the mainland by a wide, foaming river. Though the hares knew how to swim, they could never reach the mainland, because in this river lived dozens and dozens of big, green, hungry crocodiles. These crocodiles loved nothing more than delicious hare for breakfast, lunch and supper. So every day all the mother hares told their little ones, “KEEP AWAY from the sandy banks! KEEP AWAY from the water! KEEP AWAY from those terrifying, hungry crocodiles!”

Kudala onogwaja babenemisila emihle, emide, emfabamfaba ababeyitshikizisa uma bezizwa bethokozile noma besese. Ngaleso sikhathi bonke onogwaja babehlala esiqhingini, behlukaniswe nezwe loqobo umfula omkhulu okhephuzela amagwebu. Noma onogwaja babekwazi ukubhukuda, babengeke bakwazi ukufika ezweni loqobo ngoba kulo mfula kwakuhlala izingwenya eziningi ezinkulu, eziluhlazana okotshani, ezilambile. Ayikho into eyayithandwa yilezi zingwenya ukudlula isidlo esimnandi sasekuseni, sasemini nesakusihlwa esingunogwaja. Ngakho zonke izinsuku omama bonogwaja babetshela izingane zabo bathi, “NINGASONDELI esihlabathini sosebe lomfula! NINGASONDELI emanzini! NINGASONDELI kulezo zingwenya ezesabekayo, ezilambile!”

“Well,” said Haruki boldly, not looking at all frightened, “I think it’s time for us kings to compare our kingdoms. First I will count all the crocodiles, and then you can count all the hares. Then we will be able to see which of us has the mightiest kingdom.”

The crocodile king could hardly believe his luck. He imagined the delicious feast he would have as soon as it was his turn to do the counting.

“Good idea,” he said softly, running his tongue slowly over his yellow, pointed teeth. Then he turned and waddled back into the river. Soon the water was churning, as a long row of crocodiles began lining up behind him in the river.

“Empeleni,” kusho uHaruki ngokuzethemba, engakukhombisi nhlobo ukwesaba, “Ngicabanga ukuthi sekuyisikhathi sokuthi thina makhosi siqhathanise imibuso yethu. Ngizogala ngokubala zonke izingwenya wena bese ubala bonke onogwaja. Sizobe sesibona-ke ukuthi ubani onombuso omkhulu kunowomunye.”

INKosi yeziNingwenya ayizange iyikholwe inhlanhla yayo. Yacabanga ngedli elimnandi ezoba nalo ngesikhathi sekuyithuba layo lokubala.

“Umqondo omuhle lowo,” isholo phansi, ikhotha kancane amazinyo ayo aphuzi acijile. Yase iphenduka ibathaza ibuyela emfuleni. Ngokushesha kwaphehleka amanzi ngesikhathi izingwenya zima zilandelana emfuleni ngemuva kwayo.





As long as the little hares listened to their mothers, they led perfectly happy lives, hopping about under the trees and gobbling the grasses and flowers that grew all around them. But when the hares grew bigger, some of them longed for a life of adventure.

“It must be so exciting on the mainland!” they said to each other. “There must be wonderful things to eat there, and lots and lots of interesting animals to play with. It’s not fair that we can’t go there!”

Ngenkathi besalalela omama babo onogwaja abancane, babephila impilo emnandi, begxumagxuma ngaphansi kwezihlahla bephanga utshani nezimbali ezazikhula endaweni ebazungezile. Kodwa kwakuthi lapho onogwaja sebekhula beba bakhudlwana abanye babo bafisa impilo enezigemege.

“Kufanele ukuba mnandi ezweni loqobo!” kusho omunye komunye. “Kufanele kube nezinto ezinhle ezidliwayo laphaya, kanye nezilwane eziningi esingadlala nazo. Akulungile ukuba singakwazi ukuya laphaya!”



“Nazo-ke!” kusho uHaruki, esinekele abangani bakhe. Wagibela emhlane wengwenya yokugala etshikizisa umsilu wakhe ngesikhathi eqala ukubala. Abangani bakhe babamba umoya ngokumanqala ngesikhathi bebona into ayeyenza. “Inye! Zimbili! Zintathu!” ebala kakhulu, egxuma esuka phuzu komhlane onezinji omunye eya komunye. “Zine! Zinhlanu! Ziyisithupha! Ziyisikhombisa!” waqhubeka, etshikizisa umsilu wakhe omude, omhlophe ngamandla ngesikhathi egxuma eya ngokuya esondela ezweni loqobo. Ngenuva kwemizuzu eyishumi abangani bakhe base bebona icashezana elincane, limemeza futhi ligxuma kude.

“Here I go!” said Haruki, grinning at his friends. He bounded onto the back of the first crocodile, wagging his tail as he began to count. His friends gasped in amazement as they saw what he was doing. “One! Two! Three!” he counted loudly, leaping from one spiny crocodile back to the next. “Four! Five! Six! Seven!” he carried on, wagging his long, white tail wildly as he jumped closer and closer to the mainland. After ten minutes, his friends could only see a little speck, shouting and jumping in the distance.



Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Haruki's tail* (pages 5, 6, 11 and 12), *Auntie Boi's gift* (pages 7 to 10) and *Vusi and Sinazo* (page 14).



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi yokuthi wena uyizame. Isuselwe kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *Umsila kaHaruki* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Isipho sika-Anti uBoi* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi, *UVusi noSinazo* (ikhasi le-15).


Auntie Boi's gift

★ Follow the instructions to make your own doll.

1. Draw a large circle on a sheet of A4 or A3 paper and then cut it out. (You can draw around a large pot lid to create a circle.)
2. Find the middle of the circle by folding it in half, and then in half again. Open out your circle and draw a dot in the middle of it.
3. Draw a triangular shape and then cut this out. Keep it.
4. Decorate one side of your circle shape to make your doll's clothes.
5. Fold it into a cone shape and glue the ends.
6. Cut a "head" out of the triangular shape you kept and draw a face and hair on it.
7. Glue the head onto your doll's body to complete it.

★ Write the SMS or WhatsApp conversation that Mama might have had with Auntie Boi when she sent her the photograph of the girls with their gifts.

★ Go to the library and/or use the internet to find out more about Kenya.



Isipho sika-Anti uBoi

★ Landela imiyalo ukwenza owakho unodoli.

1. Dweba isiyingi esikhulu ekhasini lephepha elinobukhulu obuyi-A4 noma obuyi-A3 bese usisika usikhipha. (Ungadweba uzungeze isivalo sebhodwe elikhulu ukuze wakhe isiyingi.)
2. Thola inkaba yesiyingi ngokusigoga sibe nguuhhafu, bese uphinda wenza omunye uhhafu futhi. Vula isiyingi sakho bese udweba ichashazi phakathi nayo.
3. Dweba isimo esingunxantathu bese usisika usikhipha. Sigcine.
4. Hlobisa uhlangothi olulodwa lwesimo sakho esiyisiyngi ukuze wenze izimpahla zokugqoka zikanodoli wakho.
5. Hlobisa uhlangothi olulodwa lwesimo sakho esiyisiyngi ukuze wenze izimpahla zokugqoka zikanodoli wakho.
6. Sika "ikhanda" ulikhiphe kulesi simo esingunxantathu osigcinile bese udweba ubuso kanye nezinwele kuso.
7. Namathisela ngegulu ikhanda emzimbeni kanodoli wakho ukuze uwuphuthule.

★ Bhala ingxoxo ye-SMS noma ka-WhatsApp uMama okungase ukuba ube nayo no-Anti uBoi ngesikhathi emthumela isithombe samantombazane enezipho zawo.

★ Hamba uye emtatsheni wezinzwadi kanye/noma usebenzise i-inthanethi ukuthola kabanzi ngeKenya.



Haruki's tail

With your children, draw pictures of Haruki and the crocodile he speaks to. Colour them in and attach them to long sticks to make puppets. Now retell the story together in your own way using the puppets.



Umsila kaHaruki

Wena nezingane zakho, dwebani izithombe zikaHaruki kanye nengwenya akhuluma nayo. Zifakeni imibala bese nizinamathisela ezindukwini ezinde ukuze nenze opopayi. Manje nindawonye xoxani kabusha indaba ngendlela yenu nisebenzisa opopayi.

Vusi and Sinazo

★ Do your children have a pet? Or, do they wish they had a pet? Invite them to draw a picture of themselves with their pet and to write something about what makes this pet special below their picture.

★ In small groups, create a TV news show on how Domino and Fluffy saved Granny's vegetables. Let the news presenter read a short report on the evening news and then let a reporter interview some of the characters from the story to find out more about what happened.

UVusi noSinazo

★ Ngabe izingane zakho zinesilwane sasekhaya esifuywayo? Noma-ke, ngabe ziyafisa ukuthi zibe nesilwane esifuywayo? Zicele ukuthi zidwebwe isithombe sazo zinesilwane sazo esifuywayo bese zibhala okuthile mayelana nokwenza lesi silwane esifuywayo sibe ngesikhethekile ngaphansi kwesithombe sazo.

★ Ningamaqembu amancane, zakheleni uhlelo lwezindaba lukamabonakude mayelana nokuthi uDomino noFluffy bayisindise kanjani imifino kaGogo. Umsakazi wezindaba makafunde umbiko omfushane ezindabeni zakusihlwa bese ebuza abanye babalingiswa abasendabeni ukuze athole kabanzi ngokwenzekile.



Drive your imagination



Vusi and Sinazo

By Helen Brain ■ Illustrations by Jiggs Snaddon-Wood



Vusi loved his dog, Domino. Domino was white with three black spots on his back. Vusi's little sister, Sinazo, loved her cat, Fluffy. Fluffy was black with three white spots on her tummy.

"My dog is better than your cat," said Vusi one Sunday morning as the children were having breakfast. "Domino doesn't scratch me, or drink my milk and he never walks on my schoolbooks with muddy paws."

"Domino is very naughty," said Granny. "When you tell him to sit, he jumps around. When you tell him to jump, he sits down, and when you sit down, he jumps up and licks your face!"

"My cat is better than your dog," said Sinazo. "Fluffy does not lick my face nor steal my ice cream. Fluffy doesn't make a mess in the yard and she never barks."



"No need to fight," Granny told Vusi and Sinazo. "Now finish your breakfast and put Domino and Fluffy in the yard. Then wash your face, brush your teeth, comb your hair and put on your clothes for church."

Vusi took Domino into the yard. "Stay here," he said. Vusi ran back inside, but he forgot to shut the kitchen door. Domino followed him right back inside and quickly hid under Vusi's bed.

Sinazo took Fluffy into the yard. "Stay here," she said. Sinazo ran back inside, but she forgot to shut the bedroom window. Fluffy went right back inside. She jumped on top of the wardrobe and went to sleep.

The children washed their faces, brushed their teeth and combed their hair. Then they went into their bedroom to get dressed.

Sinazo was trying to reach her dress in the wardrobe. "Woof, woof, this is fun," barked Domino. He jumped up and licked Sinazo with his long red tongue.

"Go away, Domino!" she shouted.

Fluffy woke up. She looked over the edge of the wardrobe and saw Domino jumping on Sinazo. "Ssssss!" she hissed. "Get off her, or I will scratch you."

Just then Granny came marching down the passage. She was wearing her best dress, her smart shoes and her favourite hat. "What is going on in here?" she asked sternly, opening the door. "It is almost time to leave."

At that exact moment Fluffy leaped off the wardrobe and landed on Granny's head. And at that exact moment Domino tried to jump onto the wardrobe, but instead landed on Granny, knocking her over.

Granny was very cross. "You children won't be getting any chocolate after church today. Now put the animals in the yard and let's go to church," she said.

The children shut the animals in the yard and off they went to church. Domino went to sleep in the sun, but Fluffy climbed onto the roof of the house so that she could see far and wide. Suddenly she heard a soft, squeaky noise. Someone was trying to open the gate into Granny's vegetable garden! Fluffy looked over the edge of the roof and saw a bad man stealing Granny's mealies!

"Hooooowwwatcha!" Fluffy screeched, jumping right onto the man's head.


"Get off!" screamed the thief.

The noise woke up Domino. He came bounding around the corner. "Woof! Woof! Get out!" he barked.

"Get away from me!" yelled the thief. He jumped over the fence, but Domino was waiting for him. Domino grabbed the thief's trousers. He pulled and pulled, and growled and growled, and shook and shook. The thief was terrified.

"Let go!" he screamed, but then, *RRRRRRPPPP!* The thief's trousers tore right off. He ran away – up the hill, past the church and all the way home.

Just then Vusi, Sinazo and Granny came out of church. They laughed when they saw a man running by with no trousers on. Then they saw Domino running after him with the man's trousers in his teeth.



"You are both very good animals," said Granny when they got home. "You saved my vegetables from that thief."

"Does that mean we get chocolate after all?" asked Vusi.

"Yes," said Granny. She bought them each a bar of peppermint chocolate. Then she bought a juicy bone for Domino and a tin of tasty fish for Fluffy.

The thief was so shy because everyone had seen him without his trousers on that he ran away to another town, and was never seen again.



UVusi noSinazo



Ikhona
lezindaba

NguHelen Brain ■ Imidwebo nguJiggs Snaddon-Wood ■ Umhumushi nguBusisiwe Pakade

UVusi wayeyithandainja yakhe uDomino. Wayemhlophe uDomino enamabala amathathu amnyama emhlane wakhe. Udadewabo kaVusi omncane, uSinazo, wayethanda ikati lakhe uFluffy. Wayemnyama uFluffy enamabala amathathu amhlophe esiswini sakhe.

"Inja yami ingcono kunekati lakho," kusho uVusi ekuseni ngolunye usuku lwangeSonto ngesikhathi izingane zidla isidlo sasekuseni. "UDomino akangikwebhi, akaluphuzi ubisi lwami, futhi akahambi phezu kwezincwadi zami ngezidlada ezinodaka."

"UDomino ugange kakhulu," kusho uGogo. "Uma uthi akahlale, uyagxumagxuma. Uma uthi akagxume, uhlala phansi, bese uthi uma uhlala phansi, agxume akukhothe ubuso!"

"Ikati lami lingcono kunenja yakho," kusho uSinazo. "UFluffy akangikhothi ubuso futhi akawuntshontshi u-ayisikhilimu wami. UFluffy akangcolisi egcekeni futhi akakhonkothi."



"Asikho isidingo sokulwa," kusho uGogo kuVusi noSinazo. "Manje qedani isidlo senu sasekuseni nibeke uDomino noFluffy phandle. Bese nigeza ubuso benu, nixubhe amazinyo, nikame izinwele zenu bese, nigqoka izingubo zasesontweni."

UVusi wakhiphela uDomino phandle. "Hlala la," kusho yena. UVusi wagijima wabuyela endlini kodwa wakhohlwa ukuvala umnyango wasekhishini. UDomino wamlandela wabuyela endlini wacasha ngaphansi kombhede kaVusi.

USinazo wakhiphela Fluffy phandle. "Hlala la," kusho yena. USinazo wagijima wabuyela endlini, kodwa wakhohlwa ukuvala ifasitela lekamelo lokulala. UFluffy wabuyela endlini. Wagxumela phezu kwewodilobhu walala.

Izingane zageza ubuso bazo, zaxubha, zakama izinwele zazo. Zabuyela emakamelweni azo ukuyogqoka.

USinazo wayezama ukufinyelela engutsheni yakhe kuwodilobhu yakhe. "Hhu, hhu, kumnandi lokhu," kukhonkothi uDomino. Wagxuma wakhotha uSinazo ngolimi lwakhe olubomvu olude.

"Suka, Domino!" kumemeza yena.

Wavuka uFluffy. Wabheka ekupheleni kwewodilobhu wabona uDomino egxumela kuSinazo. "Ssssss!" esho ekhisila. "Suka kuye, uma ungenzi njalo ngizokukwebha."

Ngaso lesosikhathi kwangena uGogo ehla ngephasishi. Wayegqoke ingubo yakhe ephambili, izicathulo zakhe ezinhle nesigqoko sakhe asithandayo.

"Kwenzenjani la?" wabuza ngolaka, ngesikhathi evula umnyango.

"Sekuzoshaya isikhathi sokuhamba."

Ngaso lesosikhathi uFluffy wagxuma kuwodilobhu wehlela ekhanda likaGogo. Kanti ngaso lesosikhathi futhi uDomino wazama ukugxumela phezu kwewodilobhu, kodwa wavele wawela phezu kukaGogo, wamwisa.

UGogo wayeveva yintukuthelo. "We zingane, ngeke niwuthole ushokoledi namhlanje uma sekuphume isonto. Khiphelani izilwane phandle manje bese siya esontweni," kusho yena.

Izingane zavalela izilwane phandle zaya esontweni. UDomino wayolala elangeni, kodwa uFluffy wagibela ophahleni lwendlu ukuze akwazi ukubona kude nasendaweni ebanzi. Kusenjalo wezwa umsindo osholo phansi onsegezayo. Kukhona owayezama ukuvula isango lengadi kaGogo yemifino! UFluffy wabheka onqenqemeni lophahla wabona isigebengu sintshontsha ummbila kaGogo!

"Thattha lokhuuuuuuuu!" UFluffy wakhisila, wagxumela ekhanda lendoda.

"Suka!" kukhala isela.


UDomino wavuswa umsindo. Waqhamuka ekhoneni ngesivini. "Hhu! Hhu! Phuma!" ekhonkothi.

"Suka kimi!" kumemeza isela. Leqa uthango, kanti uDomino wayelilinde lapho.

UDomino wabamba wadonsa ibhulukwe lesela. Walidonsa, walidonsa, wavungama, wavungama, wanikiza, wanikiza. Isela lalethukile.

"Ngiyeke!" limemeza, kwase kuthi, *KLEBHUUUUUUU!* Kudabuka ibhulukwe lesela. Labaleka lakhuphuka umqansa, ledlula isonto laze layofika ekhaya.

Kusenjalo kwaphuma esontweni uVusi, uSinazo noGogo. Bahleka ngesikhathi bebona indoda igijima ingagqoke bhulukwe. Ngaleso sikhathi babona uDomino elijaha ebambe ibhulukwe lalo ngamazinyo akhe.



"Nobabili niyizilwane ezinhle kakhulu," kusho uGogo ngesikhathi befika ekhaya.

"Nisindise imifino yami eseleni."

"Ngabe lokho kusho ukuthi ekugcineni sizothola ushokoledi?" kubuza uVusi.


"Yebo," kusho uGogo. Wamthengela ngamunye kubo isixebeledu sikashokoledi wephephamente. Wase ethengela uDomino ithambo eliconsisa amathe noFluffy ithini lenhlanzi emnandi.

Isela lalinamahloni kakhulu ngoba wonke umuntu wayelibone lingagqoke bhulukwe kangokuthi labaleka laya kwelinye idolobha, aliphindanga labonwa futhi.



Nal'ibali fun

Here is a special Africa Day version of the popular game, bingo, for you to enjoy! Follow the instructions below to play it on your own or with others.



You will need:

- the bingo questions
- a copy of the bingo grid
- a pen or pencil

On your own

- Use a stopwatch as a timer. (Most cellphones have a stopwatch.)
- Time yourself to see how quickly you can answer all the questions. Choose the answers from the box and write them in the correct blocks on the grid.
- Once you have finished, check your answers with the ones on page 2 to see how many you got right!

In a group

- Work with a partner.
- Together answer all the questions. Choose the answers from the box and write them in the correct blocks on the grid.
- As each pair finishes, they shout out, "Bingo!"
- Once everyone has finished, swap with another pair and check the answers with the ones on page 2 to see how many are right! Shout out, "Bingo!" if all the answers you were checking are correct.

Questions

- How many countries are there in Africa?
- Which country has the largest land area?
- Which country has the most people living in it?
- How many different languages are spoken across Africa?
- What is the highest mountain in Africa?
- What is the longest river in Africa?
- What is Africa's newest country?
- What is the biggest desert in Africa?
- What is Africa's largest land animal?
- How many years ago did people in Africa first write books?
- In which country was the world's first heart transplant done?
- What is the name of the biggest waterfall in Africa?
- Which country still uses the world's oldest and longest alphabet?
- What is Africa's tallest animal?
- Which country in Africa has one of the oldest universities in the world?



| | | | | |
|-----|-----|-----|-----|-----|
| 1. | 2. | 3. | 4. | 5. |
| 6. | 7. | 8. | 9. | 10. |
| 11. | 12. | 13. | 14. | 15. |

Choose from these answers:

| | | | |
|-------------|-------------|---------|----------------|
| About 2 000 | Elephant | Mali | South Africa |
| 800 | Ethiopia | Nigeria | South Sudan |
| 55 | Giraffe | Nile | Victoria Falls |
| Algeria | Kilimanjaro | Sahara | |

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Nalu ushicilelo olukhethekile lomdlalo odumile woSuku Lwe-Afrika, ibhingo, oza kuwe ukuze uwuthokozele! Landela imiyalo engezansi ukuze uwudlale wena ngokwakho noma unabanye.

Uzodinga:

- imibuzo yebhingo
- ikhophi yomdwebo webhingo
- ipeni noma ipensela

Wena ngokwakho

- Sebenzisa iwashi lokumiswa njengesilawuli sesikhathi. (Iningi lomakhalekhukhwini linalo iwashi lokumiswa.)
- Zikalele isikhathi ukuze ubone ukuthi ungashesha kangakanani ukuphendula yonke imibuzo. Khetha izimpendulo eziphuma ebhokisini bese uzibhala emabhulokhini afanele emdwebeni wegridi.
- Uma usuqedile, hlola izimpendulo zakho ngalezo ezisekhasini lesi-2 ukubona ukuthi zingaki ozitholile!

Eqenjini

- Sebenza nomlingani.
- Nobabili phendulani yonke imibuzo. Khethani izimpendulo ebhokisini bese nizibhala kumabhulokhi afanele kugridi.
- Lapho ababili beqeda, bamemeza bathi, "Bhingo!"
- Nxa wonke umuntu eseqedile, shintshanani neline iqembu lababili bese nihlola izimpendulo ngalezo ezisekhasini lesi-2 ukuthola ukuthi zingaki ezishaya khona! Memezani nihi, "Bhingo!" uma ngabe zonke izimpendulo ebenizihlola zilungile.

Imibuzo

- Mangaki amazwe akhona e-Afrika?
- Yiliphi izwe elinendawo enkulu kakhulu ewumhlaba?
- Yiliphi izwe elinabantu abaningi kakhulu abahlala kulo?
- Zingaki izilimi ezahlukeni ezikhulunywa e-Afrika yonkana?
- Iyiphi intaba ende kunazo zonke e-Afrika?
- Yimuphi umfula omude kunayo yonke e-Afrika?
- Yiliphi izwe lase-Afrika elingelisha kunawo wonke?
- Yiluphi ugwadule olukhulu kunazo zonke e-Afrika?
- Yisiphi isilwane esihlala emhlabeni esikhulukazi e-Afrika?
- Yiminyaka emingaki eyedlule lapho abantu base-Afrika baqala ukubhala izincwadi?
- Ngabe ukufakelwa kwenhliziyo okokuqala emhlabeni kwenziwa kuliphi izwe?
- Yiliphi igama lempophoma engenkulukazi e-Afrika?
- Yiliphi izwe elisasebenzisa izinhlamvu ze-alfabethi zomhlaba ezindala kakhulu nezingezinde kakhulu?
- Yisiphi isilwane eside ukuzedlula zonke e-Afrika?
- Yiliphi izwe e-Afrika elinenye yamanyuvesi amadala kakhulu emhlabeni?

Khetha kulezi zimpendulo:

| | | | |
|-----------------|---------------|-------------------|-----------------|
| Cishe izi-2 000 | IKhilimanjaro | Indlovu | ITopiya |
| 800 | IMali | Indlulamithi | ISahara |
| 55 | INayijeriya | INingizimu Afrika | IVictoria Falls |
| I-Aljeriya | INayili | INingizimu Sudani | |

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on 02 11 80 40 80, or in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi 02 11 80 40 80, noma enye yalezi zindlela:

www.nalibali.org www.nalibali.mobi [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA) [@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA) [@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA) info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

Sowetan
IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your
imagination

